Abantu

Aike inkosi eyake yaba kona kwa Zulu eyayilingile njengo Cetshwayo njeya! yena wab'e nomusa, lejungile, etanda abantu bake, ehlonipa izikulu, enesihawu kubo bonke abantu—abakulu nabancane abantukazana nezikundhlwana—yingaloko-ke lo'muzi was'Ekubhazeni wabe wakiwe ngabantu bokunukwa okwakutiwa bang'abatakati, kusho abanumzana babo, benzel'ukubabulala, kona bezakudhla inpahla yabo, njangomkuba omdala wakwa Zulu, esinje na nje, sonke singe'bantu ba'luto, sifela umona nje, kwesuka konalapo.

Wanusa-ke uCetshwayo ngokulunga, ebatanda bonk'abantu bake, engavumi ukubi balumane. Kwema ngaloko kwazi kwadhlula umkosi ebekiwe esapete kahle njalo, eyilalele yonke imiteto eyamiswa kuye ngu Somtseu mdhla emmikayo. Way,ebahlonipa, ebatanda kakulu bonke abantwana bakayise, bemhlonipa nabo kakulu; kako owaka wamnxapela, ngapandhle kuka Hamn, owabi es'enziwa ubugwala, obaqala ukumawela mdhla eti amaMboza mawagwaze abafana bas'eNgobamakosi ngomkonto. Ngingembale nokumbala uMtonga lona, owabe enziwa nguyise emkukumeza ngenxa yokuba ehlezi nonina, naye waze wacabanga ukuti angahle abuse izwe lakwa Zulu ngenxa yokukohliswa nguyise.

UCetshwayo wabulawa nguyise, owanqamba ibizo elikomba isici ayakwenziwa sona—ukucetshwa ezizweni zize zimbulale engenze'luto—engitemoa ukuti kweziwa ngabantu bonke, ukuti, umntu ulandela ibizo lake aliqanjwa nguyise nonina, noba pela uNkulunkulu womuntu nguyise nonina: inxa umuntu engamazi uyise nonina, po, angamazi kanjani uNkulunkulu, loku yena uqabuke ilanga ngoyise nonina abamzeleyo? Inxa ngitsho njalo, kambe, ngiyayitetelela inkosi yakwa Nodwengu nenkosikazi yakwa Ngqikazi, ngiti, akwenzanga tona ukuyibulala indodana yabo ngokuyita lelo'gama eyacetshwa yaze yabulawa ngenxa yalo; ngiti, bona babemuta ibizo ababepiwe lona emoyeni ukuba balipumesele, bamqambe ngako loko ayakuba yiko es'ekulile; ngiti, akuyanga ngabo ukuba acetshwe aze abulawelwe amanga, enganzanga'luto nolulo wa olubi

Munye zwi umkosi eyawudhlala kahle inkosi yas'Ondini (loku pela yabe isadhlalela kona kwa Nodwengu ingakadhlali Ondini, ewona wabe ungowayo); ngitsho njalo, ngiti munye inxa ingembili lqwaba. Wati omunye woniwa yizintombi ezilibuto le Ngcugce, okwati uba inkosi imemezele emkunjini: -njengomkuba owenziwayo wo kujuba ibuto lezinsizwa nelezintombi ukuba batatane, yati iNgcugce yadelula inkosi yayeyisa, yenza okungazange kwenziwe kwa Zulu, okwakukutelisa inkosi, yaqala ukubona nayo ukuti umbuso wayo uyaciteka, nakuti izwe selizakufa. Ngoba kwati kuleyo'mkosi yajuba iNgcugce yat mayendele oDhlokweni; kepa iNgcugce is'iy' zintombi ezindala ezingasenahlonti, yanqaba yapikisa inkosi yati: uDhloko lolo lu ucu olungalingani entanyeni; izintombi zitsho loko ngoba zidelela ibuto, ziti liy'ingcozana; zitanda ukwendela emabutweni amancane asematsha. Loko'kwala kwazo kwa kungesiko ukuti zinqaba ngoba uDhloko lulubi seluludala kakulu, kepa zazinqaba ngenxa yokuba zazina maskita azo kuwo law'amabuto amancane esematsha. Futi kuleyo'nkati kwasekuvame ukuba izinsizwa zizinge sezibaleka nezintombi ezitandana nazo zeqe zize lapa esiLungwini.

Angitsho mina ukuti wabe esekona uMasipula, owayebusa umhlaba ngesibindi esikulu. Ngoba pela uMasipula wab'esatshwa ng'abantu bonke bemhlonipa; kwabe kungayikuba kona loku ukuba ziti izintombi zidelele inkosi njenga lokuya. UMasipula ka Mambo unduna-nkulu ka Mpande wabe engaseko emhlabeni, ngoba kwati kuleyo'nkati ya'mhla sekuza uSomtseu; kwangala yena uMasipula ukuyibeka inkosi engakafiki uSomtseu. Wati ewuqeda ewuti swaca lowo'msebenzi wabe esekwelwa umzimba obuhlungu, wafula. Wabe es'etwalwa njalo eseyi swazemzini wake, wafika qede wafa; esewugcinile umsebenzi wake wokubus'abantu kulo'mhlaba, washiya uMabhoko indodana yake, oganwe nguSimiso inkosazana kaCetshwayo namhlanje

Kwat'uba zinqabe izintombi ukwenda kulelobuto elase ijuthwe yinkosi, zatukutela izikulu nezinduna, zibona inkosi idelelwa; zase zinxusa inkosi, zacela ukuba ivume, zibulawe zonke, kodwa inkosi aivumanga, yati nje yona, makusuke abantu bazetuse. Kepa, kwati ngenxa yokuba kwakukona abanye abubekade benxanele ukuganwa ngezinyo izintombi ezikunye neNgcugce, ezinanqabayo, inganti nabo bakulu bazizinceku zenkosi, nampoke sebegijima beyakubulala abantwana babantu kungatshiwongo ukuti mababulawe. Besuka qede baposeka emzini kaSigwili batika bebulala lapo, bangena ekaya bawala izindhlu uqobo bayakuziponsa lapaya ngapandhle kwomuzi ngas'emfuleni. Ite ukuba ikuzwe loko inkosi, yatatukutelela labo bantu, yaze yafuna nesa lokubabulala, kodwa kwanqaba izinduna.

AMAFUTA KA CHAMBERLAIN OBUHLUNGU.

Kakuko luto uma umuntu enomzimba obasezikwepeni, nokwenyela, nokufinyela imisipa, nokulimala nezifo ezinjalo, ujengamafuta obuhlungu ka Chamberlain. Aveza ukusinda ngesikati esiyingcozana kunayo yonke imiti. Atengiswa yibo bonke abatengisi bezitolo nabemiti.

Umpimbo Obuhlungu Nesifuba.

UZAM-BUK WAQEDA UKUSHA KWEZWI WENZA UKUPEFUMULA KUBE LULA.

UZam-Buk usehloliwe wabonwa ukuti unamandhla angandile ukwelapa umkuhlane osempinjeni nasekanda. Uma uhlikihlisiwe empinjeni, nasesifubeni nasemhlana nasezinhlafunweni, amafuta anqabile amakambi akuZam-Buk, angena enyameni andambise ubhlungu asuse lokokwoma okulupawu oluhlupayo lwomkuhlane osekanda.

UMiss M. Cilliers, wase Klipgat, eDwaal Station C. P., uti:—

"Ngangiguliswa kakulu ubuhlungu obukulu empimbo uvunwa ukuboshoza nokukohlela kabi. Kusihlwa ngangiminyana naodotela bati lesesifo sizauze sibe yisifuba somoya inxa nginga qapile. Imiti abanginika yona ayisizanga luto; isifuba nompimbo kwa qubekela pambili. Kwaze kwaba yiminyaka ngigula kakulu pezu kwemiti eminingi engayifakayo. Kwati ngetuke ngifunda ngo Zam-Buk, ngatenga idosha ngawa hlikihla kahle amafuta lawo empinjeni nasesifuba. Konanje ekugcobeni kwakuqala ngabona ubungcono obukulu. Ukuhoshoza kwapela, ngase ngipefumula kangcono. Lapo sengipinda ngiwufaka uZam-Buk kwa pela nya ubuhlungu nokunkauzela. Emva kwe minyaka emininga yokugula manje sengipile kahle, ngibonga uZam-Buk omuhle."

UZam-Buk njengoba izinkulungwane zabasindileyo zifakaza, kawufani naluto ezifweni ezilukuni zesikumba nokaka yi ezinjengezilonda, nomuna, nezinduna ezikukumalayo, namatumba, nokonaka la kwegazi, nezangasemva, nezasekanda nozozo, nezixixayo etc. Ubese uqulusela ukutola iZam-Buk, umpilisi omangalisayo wase South Africa. Ute ngwa kubo bonke omkemisi nabezitolo ngo 1s. 6d. noma 3s. 9d. ngedosha.

Ezase Xohbo.

Ezocingo olupuma eRichmond lufike lubika ukuti uChief James M. Majozi ugula kabi; ucingo selufuna uRevd S.G. Majozi okute ebusuku wahamba namadoda aoPaulos Conco, Solomon Tasana, C. Mbambo, belibangise kona eRichmond. Kute futi ngayo leyomini satola incwadi epuma eGroutville isazisa ukuti uMrs M. D. Mkwanazi naye usebuhlungwini, loku indodakazi yake ise Xobho. Amakosi abonakale eXobho oChief Simiti, Chief Mangangana noMr. Madorela.

(KU MHLELI we "LANGA")

Mngane,—Ngicela isikala. Ngiyabiloza. Ngizwa lawa manyala akulunywa abelungu base Tekwini ukuti bazo kwakela isifazana sakwiti umuzi. Ngisho kambe izintombi zakwiti. Ngiti, bantu, ake nikuze lawo manyala angazange enzeke ohlobweni lwakiti na ko Punga no Mageba a zange siuzwe umuzi wesifazane sisoc a. Futi kujwayezani kona loku; baqondeni ngomso ngaloku? Kuhle sizindhle ukungapambili okungakenzeki ukuti ngomuso sizozwa okunye ngalabo bantwana abakeiwa umuzi. Ikona imizi yawo yise Into enhle abelungu abagoduse sonke isifazana sakiti; sipume emizini yabo Futi bekungatandeki ukuba uhlobo lwakiti luzale abamhlope, kodwa ngasesi fazaneni. Qa. Akufuneki umuntu omunyama azale umbala omhlope, omnyama atate omnyama kukule njengo kudala komDali. Umbila akube umbila ibele kube ibele. Asimsoli uNkulunkulu ngokusenza sibemnyama. Kepa ngizokuluma izwi lesiwula ngiti: Abamhlope badonsewa itina, singovuma zonke. Bate lapa baka umuzi wabo, bati umuzi wabantu bagijima bayobonga. Wati opendulayo wabamubi. Ngoba umlungu uhlakanipile uti ukuba ezwe ukuti abantu abayitandi leyonto abese eketa amagama abantu ate ngibiza ubani nobani. Labo-ke ibona asezoba bonisa konke ukuhlakanipa kwake; bese bevuma ngapandhle kwabantu. Abelungu bese beti kupelile kuvume abakulu. Nanku omunye umuzi sewakiwe kutiwa umuzi wabantu, inganti umuzi wabelungu. Nango uJames Mngadi ekala efikelwe umka mfowabo edingiswa ehamba ubusuku. Niti umuzi wabantu-ke lowo. Akukonto umlungu ayenzela umuntu enhle, umlungu uhlala pansi ehlole isu lokuzuza imali kumuntu omnyama, uyasuka eyenza nje useyibonile kahle indhlela yokudonsa imali kumuntu omnyama, umlungu uma ebona into engenisa imali kumuntu, ufuna isu ayitabate ibuyele kuye. Wabutata utshwala kubantu, wahlangana nabo ovuma zonke. Konje bangase bawuvume nje lomuzi obonakala umubi kangaka.

A. M.

Isaziso

Kwaziswa bonke abane mali yami ukuba seboyi koka kummeli wami seyinemvesi yommeli. Ningabhekisi zincwadi kimi nolungisa naye ummeli. Yonke imali kusuka eshumini losheleni kuya pezulu.

Imina owenu,

ELKA M. CELE.

IMIKUHLANE YABANTWANA.

Bayekelwani abantwana ukukandhla imizinjana yabo kabi kanjeloku ungase wetape umkuhlane wabo ngegabha omuti wokwelapa ukukohlela ka Chamberlain. Utengiswa yibo bonke abatengisi bemiti.

Isifundo Sesikole Sesonto. Isifundo III. April 6,

UPITA NOKORNELIO: ACTS 10. UMBONO KA KORNELIO: vs. 1-8.

ISITATELO ROM. 10:12.

UKornelio wabengumRoma, eyinduna yamabuto ayikulu amaRoma. Wabezindile ngoNkulunkulu okunguyenayena; nokumdumisa, emnene kakulu kwabampofu, kodwa engamazi uJesu Kristu. Ngolunye usuku ezilile ekuleka (vs. 30) ingelosi yabonakala kuye embonweni yati kuye kalande uSimona Pita okunguyena ezakumfundisa. Wasituyatumela njalo kona loko eJops elingama maili angu 30, eningizimu kwe Kesaria lapo abehlala kona uKornelio.

2 UMBONO KAPITA: vs. 9-16.

Kwakukona iziliwane ezitile ababeti abaJuda zingcolile ngoba babenqunyiselwe ukuzidhla (Levi 11.) Nabantu beninye izizwe babeti bangcolile ngoba babedhla ezinye zalezi zilwane, bekonza izitombe. Babengadhli nabo bengangeni nase zindhlini zabo. Ngisho abapostoli baqale abaqonda ukuti abezizwe bangasinuiswa babhaptizwe inxa bengnlingisi abaJuda kuyo yonke imikuba yabo. UNkulunkulu wafunake ukubafundisa loku, ngako kwati lapo izigijimi zika Kornelio zisesendhleleni wabonisa uPita umbono wendwangu enkulu eyehliswa ezulwini lapo kwakuxubene kona kuyo izilwane ezidhliwayo nezingadhliwayo. Kwatiwa kuPita madhle kwati lapo eti yena kabonange edhla okungcolileyo kwatiwa makangasho ukuti uto lungcolile aselugezile uNkulunkulu.

3 IZITELO ZOMBONO KAPITA vs. 16-20.

Waqala wangaqonda uPita okushiwo yilombono, kodwa lapa izigijimi sezifika uMoya wati kahambe nazo. Wase qalake ukubona ab'esesaba ukungena endhlini yowezizwe watshela uKornelio ukuti uNkulunkulu usembonisile ukuti angabizi muntu ngokuti ungcolile, v. 28. Siyabona ukuti uKornelio watanda ukuba zonke izihlobo zake zizwe ngendaba emnandi yeVangeli njengaye. Paula futi amazwi ake evs. 33. Kungakuhle uma sonke singasho ngezinhliziyo endhlini yokudumisa siti, "Silapa pambi kukaNkulunkulu ukuzwa izindaba esiziyalwa nguNkulunkulu."

4 INTSHUMAYELO KAPITA NEZITELO ZAYO: vs. 34 48.

Sibona emazwini okuqala kaPita ukuti waengasi zwisanga isifundo sombono, wase ebona ukuti bala uNkulunkulu kaketi muntu kodwa wamukela abezizwe zonke abakolwayo. Wase ebalandisa abamlalelayo indaba kaJesu, neyokuhamba kwake, nokufa nokuvuka kwake, wabalandisa ukuti ngaye bonke abakolwayo bangatetelelwa izono zabo.

Base labobezizwe bekolwa uMoya oyingcwele wehlela pezu kwabo njengoba wenza kumakolwa abaJuda ngosuku lwePentekoste, babhaptizwa ngegama leNkosi. Bafundiswa futi base bencenga uPita ukuba ake ahlale nabo isikashana.

Lendaba esiyifunda namhla inkulu kakulu isilandisa ngabokuqala abezizwe abapendukayo nangokudilizwa kwedonga lokwahlukanisa olwalupakati kwaBaJuda nabezizwe. UPaule wakuluma kahle ngako loku wati bonke abakolwayo bangumzimba munye kuKristu Jesu 1 Kor. 12 : 13; Kol. 3 : 11.

Abantwana Ab'etukayo.

Ukwetuka kwabantwana kwenziwa ukusebenzisa kakulu umqondo noma ukusebenza kakulu ngamandhla. Noma kungabe kubangwa yini kodwa kufanele ukubhekisiswa ukwetuka kubantwana. Ukubatetisa akusizi luto ngoba akubapilisi, futi nokubajezisa kuyingozi. Ukusebenza kokulinganisela, nokusebenzisa ikanda ngokwaneleyo kuhambisa igazi kahle kwenamisa nomzimba ekuhambeni emnyango. AmaPink Pills kaDr. Williams yiwona okusiza uma kunjalo, awanaluto ololimazayo, afana noshukela usawudhla okokuqala lapo ulifaka emlonyeni. Uma umntwana enokwetuka mpuzise imanzi ashisayo bese umlalisa umnike ama Pink Pills ka Dr. Williams. Kuya mangalisa ukwazi ukuba izikati eziningini kangakanani osekwelashiwe amaPink Pills ka Dr. Williams ngokusuka wona alungise igazi nje kube kupela. Bonke abatengisayo bawatengisa ngo 3s. 3d. igabha lilinye, eyisitupa 17s. noma utumele kwo Dr. Williams Medicine & Co., Long Street, Capetown, kungabizwa luto nge posi.

Ukuhlonipa.

(KU MHLELI WE "LANGA.")

Mngaue,—Ngikuleka indawana epepeni kengipefumule. Angikuboni ukuti kungukuhlonipana lokukubizana kwakwiti ukuba umntwana ati "baba" kubo bonke abantu, bengeluhlobo lwakubo. Ukuba ngiti kumuntu wakwa Cele umntanami singazalani, kubi. Kuhle umntwana asho kulabo abamzalayo ukuti bangoyise. Kuyinike ukuba ati umuntu okade ngimbiza ngokuti umtanami ngibuye ngimtate abe umkami.

Z. M. BHULOSE.

[Pakati kwezizwe kasisazi esidhlula uhlobo lwakwiti ngayo lenhlonipo oyinqabayo wena. Uti makuguquluwe into enkulu enhle lena. Ka usoli izinto ezifakwa izizwe ohlotsheni lwakwini usola okuhle. Ake ufunde ukuhamba kwabantu anduba ubhale.—Mhleli.]

Umuntu Ocishe wabulawa Isitutwane.

Mngane,—Ngicela indawana epepeni lako yokufaka indatshana esivelele lapa ngeSonto ngesikati sika 11 Oc'lock A.M. umfundisi wakiti uFr. Cyprian Balweg esezoqala ukushumayela. Site sisati silalele intshumayelo yake emnandi, satuka ngokubona insizwa ipuma isipete ikapu layo liyi, ilipakamisile. Nati simangalile kakulu ehamba kanje esontweni, kanti asazi ukuti kukona okumpeteyo. Ute qeduba abesemnyango wabanjwa omPatwa, induna enkulu no Henry Dube kanye nabanye nje esingabazi, nami ngobo lwami ngasondela ngati ukusiza, ngoba lomuntu kade esefinyela imisipa esehluleka nokuma. Site situka sambona umuntu esekamisa, ekipa amehlo amhlope wasewa pansi, sacabanga ukuti useyafa lomuntu. Akubongwe uArthur Nkomo lowo, utisha efudisa uStd VI. wakwa St. Francis, wamkumula izingubo zake wamfaka ezake ngoba ezake kade sezimanzi umjuluko. Kute emva kwaloko samtata samyisa kwaMr. Lassak, uGqishi pela, uyena onenhliziyo enhle futi. Futi enye into esidabukisa kakulu, udade wabo ote ukumbona kwake, kwati dhli izinyembezi zake.

Yimi,

B. ZANDAMELA.

Mariann Hill.

Ezase Germiston.

Simmer Deep. Liyana manje lapa nokuba kungasasisi luto ekudhleni, ngoba nabu ubusika sebufikile. Siyatokoza ukuzwa ukuti uMafukuzela uzama ukuba kutengwe indawo yakwaNobamba kumlungu, ukuti wayitatapina yena; ngoba onke amaBhunu akwaZulu awalitenganga; awanazo nezincwadi ezikomba ukuti salitenga.

Siyezwa ukuti nangombango kaZibhebhu kaMapita nomntwana uDinuzulu anikwa izinkomo, kanti futi awalwanga kwalwa uSutu lodwa. Impela lendaba yokuhlushwa kwabantwana beNkosi yimbi. Yini amaBhunu lawo angakipi izindawo lezo, lapo kwabhalwa kona ukuti balitenga. Sofa sigxaza amanzi njengengcuba, ngifunga uCetshwayo. Siyajabula ukuzwa ukuti uMafukuzela uzokwenza umdhlalo lapa eGoli. Konje sombona kanjani umntwana njengoba elapa eGoli njena. Sojabula kakulu ukubona izinyane lesilo lapa elihle kakulu. Uyasitokozisa umfo kaFuze, uMr. M. M. Fuze ngokuhlazulula uhlanga. Kungati pela Mhleli kungakona incwadi yalezindaba zohlanga olumnyama lomdabu walelizwe, O, hiya ngiyazi gabisa ngesikumba sakiti esimnyama. Intaka ibekelwe amazolo ngombla ka 29 eCrown Mines. Wo hel ongibonela umuntu indhlu emnyama ifasile. Suka muntu wetu libambe amatomu kona lapa Mhleli.

Yimina,

FELAPAKATI.

Izingozi.

Ngihamba ngizwa ngendaba kubikwa ingozi yesitimela namhla ngiyibone ngamehlo. Kudhlule iKula kimina litshayela imbongolo idonsa ingqukumbane, itwele imiti etshalwe ezitsheni eluhlaza; yawela uMngeni, iya esiteshini. IKula lisebenza ka Mr. E. Smith. Ngite ngilibona iKula laliyatazela, libuya lihamba pansi, ngadinga ukuba liyi ahiyapi ingqukumbane. Ladhlula kwafika abantu ababili, bati lapa ngapesheya sekufe imbongolo nengqukumbane. Ngase ngitata izinyawo ngiyobona. Ngafika imbongolo ilele pansi ifile; okwaku ingqukumbane sekuyimvutuluka. Indawana iyehla ebange kona endhleleni yesitimela iKula lisuka emnyango esitolo ka Mr. Mor's kanti nasi isitimela akuseko ukubamba eKuleni ingqukumbane iduduia imbongolo ainsibambo. Laposeka pansi iKula liti lizodonsa imbongolo. Asibangako leso sikati, loku nesitimela indawana iyehla, satata ingqukumbane kanye nembongolo kwapela. Kwenzeke ngo March 22, 1916. Kuti lapa ngilandisa omunye umfana otshayela imbongolo etwala inyama, wati yena ubone ingqukumbane ibulala iKula eTekwini lafanya ngo March 21.

Ezase Groutville

Itshe lisemi lapa ukugaya izimoba nabanumzane abalimile basa pumule impela; kubonakala songati nabo batokozile.

xxx xzx

Po izigodi ziluhlaza umoba wama Tshalimane lapa kulendawo ngoba pela nawo asavunyelwa abefundisi ukuba alime eGroutville, nxa etanda kulezo zindawo zabefundisi.

xxx xxx

Ngike ngezwa songatiti kuzobakona umshado ngomhla ka21, ngabuye ngezwa songatiti qa, usungaze ubengo24, noma ngo25, kuApril, ngoba pela u21, ilanga lokuvuka kuka Kristu.

xxx xxx

Leli iChoir lipetwe yinto ka Macebo uMr. John Julius Ntuli; kanti ziza kanjani? Hai, nina bakomyeni anogala nibheka! Kushada intombi yakona lapa, ne Jenti lase Verulam. Siniflaela okuhle bantwana, noma zikona izifa mona yize lelo.

Natal Native Congress

Izindaba Eziyakuxoxwa Emhlanganweni Ngo 24 April, 1916.

AGENDA

1. Impendulo Chief Native Commissioner incwadi yake C. N. C. 1325/1915, 3, Dec. 1915.
2. Ukuba lomhlangano unxuse umBuso wenze umteto wokuvikela isifazane sabantu kubelungu njengokuba sivikelwe isifazane esimhlope kubantu abansundu.
3. Ukuba umBuso umise iNative General Council.
4. Ukuba uMongameli mhlaumbe umbhali weCongress anikwe amandhla okubhalelana nama "Senators" amele abantu ePalamente ngezindaba ezibuhlungu kubantu ngokulayelwa yi Congress nokuba yi Komiti.
5. Ukuba lomhlangano ukipe amanxusa aye kubonana ne Chief Native Commissioner ne Administrator ngendaba yemfundo yabantu.
6. Ukuba abantu bavule imisebenzi nezindhlu zokudhlela nokupumula emadolopeni.
7. Ukuba umteto wotshwala babantu ka 1908 ulungiswe, uCorporation agcine pakati kwemincele yeTown lands, abantu abatshoniswa ngalomteto babuyiselwe ukonakalelwa kwabo.
8. Ukuba onke amacala abantu okwelelesa anqunywe zi 'Magistrates' ahlolwe alungiswe ngu Attorney General.
9. Ngemiteto yamapasi.
10. Imizi yabantu emadolobheni.
11. Ngama "Hositele esifazane emadolobheni.
12. Isinyakaziso ngu Mr. Antoni Kuzwayo.

ISAZISO.

Ngomhla ka April 20, koba kona Inhlanganiso yonyaka (Annual Conference) yabafundisi beBandhla lase African Ethiopian Church eStanderton, Transvaal. Kwaziswa bonke abaFundisi nabaVangeli; kuhle baze bafike bonke ngomhla ka April 19, 1916, ngokuba Inhlanganiso iyakungena ngomhla ka April 20, ngesikati sika 9 ekuseni.

Imina,
J. M. LUHLONGWANA.
President,
Volksrust,
Transvaal.

ISAZISO.

Inhlangano yomkandhlu weNational Congress iyakuba seBloemfontein ngo 24 May, 1916. Onke amalungu eKomiti ayanxuswa ukuba aze abe kona angaputi. Izindaba eziya ucingwa ilezi:—

1. Ukuncoma kweKomiti elaketwayo ukuba lilungise imiteto yokwakiwa kwe Congress.
2. Ukukokwa kwecala lamanxusa.
3. Nezinye izindaba ezitshisayo.

J. L. DUBE uMongameli.
SELOPE THEMA uMbali.
P. O. Box 26.
VOLKSRUST.

WANTED

FEMALE Teacher to take charge of Mission School, duties to begin at once. 1st, or 2nd, Class Certificate essential. Salary £9, a quarter.

Apply to:—
REV. W. WARMINGTON,
NEWCASTLE,
NATAL.

ISAZISO.

Bonke abatenga umhlaba ku INANDA SYNDICATE baya ziswa ukuba bakoke njenge sivumelwano. Kungapela iminyaka emitatu ungalahlekelwa. Ngako ngini vusa ukuba uiqede, nitole amatayitile enu kona manje.

CHAS. L. DUBE. UMBHEKI.

UMUTI OJOJA
UMTAKATI.

Wenziwe kuhloswe yena umtakati, ukuba umkipe kubantu. Umuti weNyongo wokuqala kweke yenziwa, uqeda yonke inkatazo yesibindi, kipa ukungcola esibindini sako.

Igabha lawo utunyelwa nge posi 1/9, amagabha amatatu 4/6.

Tumelani iPostal Orders ku Mr. A. H. TODD, Umkemesi, RED HILL, Natal.

AWUZ'UNGEHLULEKA.

Umuti ka Chamberlain womoya esiswini, nembo nokuhlambulula uyiloko okushiwo yigama lawo. Welapa ukuhlambulula nokweleka kubantwana nakwabadala, noma umuntu sekumpete kanjani ubuhlungu nomoya esiswini buyapela uma uke watola lomuti ingcosana. Awuz'ungehluleka. Utengiswa yibo bonke abatengisi bemiti.

UMAQOTULA

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

Umuti - - - Wezilo

Hartley's Oriental Vermifuge.

Umuti Obomvu Wezilo Ezibomvu, ka Hartley.

Lomuti upambili kuyo yonke imiti yezilo ekeyatolakalu. Uqeda zonke ezimhlope nezibomvu zingapindi zibekona. Umtwana osanda kuzalwa, umfanele kakulu lomuti ukuba awupuze, njengoba nabadala befanelwe ukuwusebenzisa.

Ningageji ukuba naye uHARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE.

Kukona izilo abantu abangaziyo ngazo ukuba zikona kubo eziyingozi kakulu, ngoba azivami ukupuma zibonwe, impetwani enamakanda amnyama. Iyona ebanga bonke ubuhlungu nokugula, buningi abantu abafa umshubo, kepa noko kungaqondwa ukuba bajuqwa iyo lempetwana. UMAQOTULA ke, utyaya aqotule kuzona loma ingahluleka eminye imiti yena kazishiyi. Kufanele nokuba u ani, makapuze lomuti nabantabake ngoba bayotola usizo olukulu.

INANI { LEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI ... 1/3
AMAGABHA AMATATU „ ... 3/6
„ AYISITUPA „ ... 6/6

Tumelani ku Mr. A. H. Todd, Red Hill, Natal.

Umvusi Budoda Endodeni

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA.

NEXEGU LIZIZWA SENGATI LIYIBHUNGU!!
UHLUMELELA AMANDHLA EMADODENI!!!

Ubangalala oluyizinhlamvu lwemitambo nomzimba wonke.

Lomuti wenziwe kuhloswe kona ukuba usize isilisa. Uyashesha ukubuyisela umuntu ebuntwini bake bemvelo, noma ubusuhlala itemba ngokupelelwa amandhla uyashesha ukwenze uzizwe enamandhla okwenza noma umupi umsebenzi wako kahle.

Akuko ndoda engaquba kahle emisebenzini yayo ura ingapelele ebuntwini bayo bemvelo.

Lezi zinhlamvu zisebenza isimanga ekubuyiseni ngokusesha, impilo amandhla, nenjabulo, uma sewaba sigoga esesakatazwa yizifo, noma ubungazigcinanga kahle empilweni, ekudhleni, nasekugezeni, lomuti uyokwenza kube sengati awuzange ungene kulezonto.

Uma nga ulinga lomuti, wulinge ngesiqolo wazi kahle ukuba imali yako ayilahleki kepa ukupa impilo entsha. Lomuti utengiswa ngama gabha. INANI NGEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI 1 3/9, AMATATU 10/6. Igabha lika 3/6 linezinhlamvu ongazisebenzisa amasonto amabili. Kepa into engcono ukuba uze uqede amagabha amatatu.

ONAMANDHLA KAKULU WABANEMIZI ... ... 4/9.
AMAGABHA AMATATU ... ... 13/6.

TUMELANI IPOSTAL ORDERS KU—

Mr. A. H. TODD.

(UMENZI KA MATUKULULA)

RED HILL, Natal.